

IBANGA LESI-3 ULIMI LWASEKHAYA

# UThandi unosuku olubi



ISIZULU

Izinga  
lesi-

2

Incwadi yesi-

2



# Ukufunda ngamaqembu okuholwayo

## Ngaphambi kokufunda

- Phenza amakhadi endaba abazoyifunda.
- Tshela abafundi ukuba baqagale ukuthi indaba izoqhubeka kanjani uma kususelwa esihlokweni nasemifanekisweni.
- Yethula amagama amasha noma alukhuni ngaphambi kokuba abafundi baqale ukufunda incwadi.
- Yenza amakhadi amagama ukwethula amagama amasha. (Thola uhlulwamagama amasha ngaphakathi.)

## Ukufunda kokuqala

- Abafundi kumele bafunde umbhalo ngamunye.
- Abafundi kumele bafunde buthule noma "bawufunde ngokuhleba" umbhalo.
- Suka kumfundu uye kolandelayo, ucele umfundu ngamunye ukuba afunde isigaba sombhalo kuzwakale.

## Ingxoxo

- Funda imibozo yokuqondiswa esuselwa embhalweni.
- Gxila emisindweni, emagameni ajwayelekile kanye nasemagameni amasha.
- Uyothola imisebenzi esekugcineni kwale ncwadi ilusizo ekuholeni ingxoxo. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

## Ukufunda kwesibili

- Ezinsukwini ezilandelayo, nkeza abafundi ithuba lokuyifunda futhi incwadi, ngababili noma ngamunye.
- Gxila ekufundeni ngokugeleza, ekusetshenzisweni kolimi nasemagameni amasha.
- Abafundi mabaqedele imisebenzi yeqembu eholwayo etholakala ngemuva kwale ncwadi. (Khetha imisebenzi efanele izinga labafundi.)

Abafundi mabadlale balingise okwenzeka endabeni uma umbhalo uvumelana nalokho.



Abafundi kumele benze imisebenzi yokufunda ngamaqembu ngemva kokufunda. Abafundi mabasebenze ngamaqembu ukuqedela imisebenzi efanele etholakala ngemuva kule ncwadi. Imisebenzi ebhalwayo kumele yenzelwe ezincwadini zokubhalela, hhayi kule ncwadi.

# UThandi unosuku olubi




Namuhla bekuwusuku lukaThandi  
lokuzalwa. Unina umnike ibhokisi  
elisongwe ngephepha eliphinki.  
Ngaphakathi bekunewashi ayekade  
elifisa!

"Ngiyabonga mama! Ngiyabonga  
baba! Bengilokhu ngifuna iwashi  
eliphinki!" kusho uThandi. "Sengilinde  
nje ukukhombisa uSisile noLisa iwashi  
lami elisha."

Wayesemwola uThandi. "Thandi, usuku  
oluhle lokuzalwa lokuqedo iminyaka  
eyisishiyagalolunye."

"Gijima-ke manje, ingakushiyi ibhasi,"  
kusho uyise.

"Ungakhathazeki, baba, ngeke  
ngiphinde ngishiywe yibhasi.  
Nginewashi manje, sengiyazi ukuthi  
ibhasi izosuka emizuzwini eyi-12,"  
kuphendula uThandi ngokujabula, esho  
esuka eya esikoleni.



UThandi wagxuma wehla eбhasini  
wanikela esikoleni ejabulile.

Wayengasakwazi ukuzibamba ejahе  
ukukhombisa oSisile noLisa iwashi  
lakhe elisha eliphinki.

"Kazi oSisile noLisa bazothini uma  
bebona iwashi lami elihle."

Walibuka iwashi. "Insimbi yesikole  
izokhala emizuzwini engama-20  
kanye nemizuzwana engama-30."  
Sisekhona isikhathi sokukhombisa  
oSisile noLisa iwashi lami," ecabanga  
uThandi.



"Sanibonani, Sisile ninoLisa.

Wozani nizobona isipho sami sosuku  
lokuzalwa!" kumemeza uThandi.

Abamuzwanga oSisile benoLisa.

Basuka bahamba.

"Sisile! Lisa! Wusuku lwami lokuzalwa  
namhlanje! Wozani nizobona iwashi  
lami elisha!" kumemeza uThandi.

Namanje, abamuzwa oSisile benoLisa.  
Bajika bamfulathela, baqala  
ukuhlebelana.

"Bakhohliwe ukuthi wusuku lwami  
lokuzalwa," kucabanga uThandi, "Mh,  
kazi yini?"



Ngesikhathi sekhefu, uThandi ababone oSisile benoLisa behlezi phansi kwesihlahla, behlebelana okuthile.  
Wathi uma esondela uThandi, basuka bahamba.

"Mh, kazi kwenzenjani," kucabanga uThandi.

Ngaso leso sikhathi, kwamemeza uKen, "Sawubona, Thandi! Woza sizodlala."

"Angazi ukuthi yini oSisile noLisa bengibalekela," kusho uThandi kuKen ekhathazekile. "Ungabanaki labo, Thandi. Masidlale ibhola lezinyawo," kuperhendula uKen. "Ngikhathazeke kakhulu, Ken, ngeke ngilidlale ibhola lezinyawo. Ngifuna ukuya ekhaya."



Uma sekuphume isikole, uThandi wagibela ibhasi ehamba kancane.

"Ngethemba ukuthi ngizohlala eduze koSisile noLisa," ecabanga. Kodwa wazihlalela yedwa uThandi.

Wababuka oSisile benoLisa behlebelana okuthile. Wamangala ukuthi kungani bonke abanye abantwana behlebelana okuthile. Uma ebabheka, babuka eceleni.

NoKen useqala ukubahlebela okuthile. "Mmm, kazi yini!" kucabanga uThandi ekhathazekile impela.

"Sengijahe ukufika ekhaya. Ngibe nosuku olubi namhlanje," kucabanga uThandi.



"Ngabe kwenzenjani?" kumangala uThandi.


Walibuka iwashi lakhe elisha.

Waqhubeka nokufisa ukulikhombisa abangani bakhe.

"Hhayi-ke," kucabanga yena, "akunani ngoba ngizofika ekhaya emizuzwini engama-27 kanye nemizuzwana engama-42. Mhlawumbe uSisile noLisa ngiyoze ngibakhombise kusasa leli wash."

UThandi wazibona enganakwe muntu. Akekho umuntu owayefuna ukumkhulumisa. Akekho nowayethanda ukumbheka nje-ke.

"Mh, ngiyamangala ukuthi kungani," kucabanga uThandi ekhathazekile.



Behla ebhasini abantwana esitobhini  
esiseduze kwakubo kaThandi.

Wabamemeza okokugcina manje  
uThandi. "Sisile, Sisile! Lisa! Bhekani  
iwashi lami elisha!" kumemeza yena.  
USisile noLisa bazihi lekela, basuka  
ngejubane.

Kweza uKen kuThandi ehamba  
kancane. "Wabukeka udangele nje,  
Thandi? Woza, ngizokuphelekezel."



Nangempela, uThandi noKen  
bahamba kancane beya kubo  
kaThandi.

"Ngiyamangala ukuthi kungani  
uSisile noLisa bengangikhulumisi,"  
kusho uThandi.

"Mmm, ngiyamangala nami,"  
kucabanga uKen emamatheka.



UThandi wavula isivalo sangaphambili  
ekhaya kubo. Isimanga lesi! Bonke  
abantwana baseklasini lakhe  
bangaphakathi endlini.

"Usuku oluhle lokuzalwa! Usuku oluhle  
lokuzalwa!" kumemeza abantwana  
bebanga lesi-3 kanyekanye.


"Oh! Sengiyabona ukuthi kungani  
beningibalekela nonke namuhla!"  
kusho uThandi ngokujabula.

"Sikhombise iwashi lakho elisha!"  
kumemeza uSisile noLisa.

UKen wazenza omangele, "Ngiyamangala  
nami ukuthi kwenzenjani."

**Abangani abahle bayanakekelana.**

# THANDI



# Uthi bewazi?



Kudalo, abantu babesho isikhathi ngokubheka ilanga. Babeye bahlele ukuba nemihlangano entathakusa, noma emini, noma ntambama. Uma uvuma ukusebenzela umuntu, bewuyaye ukale isikhathi samahora ozowasebenza ngokubheka usuku, ukuphuma kwelanga nokushona kwalo. Isikhathi esasithathwa yinyanga esesibhakabhakeni entsha kuze kuyoba ukunyamalala kwayo, kwakuba yinyanga yonyaka, bese kuthi isikhathi esisukela entwasahlobo kuya kwenye intwasahlobo, kube wunyaka.

Base beqala abantu ukuthola izindlela zokukala izikhathi ezimfushanyana. Bahlukanisa unyaka waba yizinyanga eziyi-12, bahlukanisa usuku lwaba ngamahora ayi-12. Ehlobo, uma izinsuku zizinde, amahora ezinsuku aba made futhi.

Izinto zakudala zokukala isikhathi kwakuyisandiyali (sundial) ne-awaglesi. (hour glass)



Isandiyali yiwashi eliyindilinga elinamahora njengewashi. Linendukwana ebheke phezulu eyakha isithunzi endilingeni – isikhathi sibonakala ngalokhu kusandiyali.




I-awaglesi yingilazi enogamfu maphakathi. Uma ibhekiswa phansi, kusuka isihlabathi sehle sidlule ogamfini. Isihlabathi sitthatha isikhathi esithile ukndlula ogamfini.

Akujabulisi yini ukuthi namuhla sinamawashi amahle esikhundleni salezi zinto esizibale ngenhla?



## **SIYAKUHALALISELA**

Sengathi ungaba nosuku olukhethekile,  
Inhliziyo yakho iphuphume injabulo,  
Uthole ukuhlekiswa nokuthandwa,  
Uhleke kuvele elomhlathi,  
Injabulo yakho ihlale unomphelo,  
Izifiso zibe nokuphumelela,  
Ufikelwe okuhle kuphela,  
Usuku lwakho lube nempumelelo.




## **LETHANI IKHEKHE**

Masikhiphe amabhaluni,  
Masikhiphe nalo ikhekhe,  
Sicishe amakhandlela,  
Silugubhe kahle usuku.

Nawe-ke mawujabule,  
Nalu usuku lufikile,  
Ufanele ukuthandwa.

Kuwusuku lwekhethelo,  
Usuku olumnandi kuwe!



# Imisebenzi yokufunda ngamaqembu



1

Buka lezi zithombe.

- Tshela umngani wakho ukuthi kwenzekani esithombeni ngasinye.
- Tshela umngani wakho ukuthi yisiphi isithombe sokuqala, esesibili, esesithathu kanye nesokugcina.
- Phinda uxoxe le ndaba usebenzisa izithombe.



2

Qondanisa amagama nezithombe. Yenza izimpawu zamagama ukuze abangani bakho baqagele ukuthi ufunu ukuthini. Ekugcineni, sebenzisa igama ngalinye emushweni ukukhombisa ukuthi uyaliqonda.

ubehleba			ubememeza
ubegigitheka			ubethukuthele
ubemangele			ubebuka
ubehleka			ubewoliwe



Funda indaba futhi bese utshela umngani wakho izimpendulo zale mibuzo.

- Ngobani abalingiswa abaqavile endaben?
- uThandi uthole sipho sini ngosuku lwakhe lokuzalwa?
- Yimaphi amagama ekhasini lesi-2 asho ukuthi uThandi wasijabulela isipho sakhe?
- Kungani ayefuna ukusikhombisa abangani?
- Le ndaba iqala iphele uThandi ejabulile. Yini ebangele ukuthi ajabule ekuqaleni nasekugcineni?
- Kwenzekani emzimbeni wendaba okwenza uThandi angajabuli?
- Sazi kanjani ukuthi uThandi ubesekwazi ukusho isikhathi?
- Ucabanga ukuthi uSisile noLisa bangabangani abahle? Ngobani?
- Uma uthola emzimbeni wendaba ukuthi uThandi uphatheke kanjani, uyezwelana naye? Yisho ukuthi ngasizathu sini.
- Buka izithombe endaben. Yini ekhombisa ukuthi abantwana kunemfihlo abebeyihlanganisa ngosuku lokuzalwa kukaThandi?
- Uma abangani bakho bengakubalekela ngosuku lwakho lokuzalwa, ungenzani, futhi ungathini?
- Ekugcineni kwendaba, uKen wamane wazenza omangele. Kungani ezenza omangele?



4

Yenza sengathi unguThandi. Kopishela lezi zikhathi encwadini yakho yokubhalela, bese ubhala phansi okwenzeke kuwe ezikhathini ezahlukene namuhla.

07:00	
07:15	Bengifika esikoleni.
07:30	
07:55	
10:00	
13:00	
14:00	Ngithe uma ngifika ekhaya ngabona bonke abantwana beBanga lesi-3. Bebelungise umcimbi wami oyimfihlo.



5

Yenza sengathi unguSisile noma uLisa. Yenza ikhadi lesimemo labantwana beBanga lesi-3, ubameme ukuthi beze emcimbini kaThandi oyimfihlo ozoba kubo kaThandi. Nikeza usuku, isikhathi kanye nekheli. Bakhumbuze abantwana ukuthi lo mcimbi uyimfihlo.

Usuku:

Isikhathi:

Ikheli:

Kungathintwa:

# IBANGA LESI-3 ULIMI LWASEKHAYA



## Incwadi yesi- 2

<b>Isihloko:</b>	UThandi unosuku olubi
<b>Ulimi:</b>	IsiZulu
<b>Izinga:</b>	Ibunga lesi-3 Incwadi Yokufunda Ulimi Lwasekhaya Izinga lesi-2 Incwadi yesi-2
<b>Uhlobo lombhalo:</b>	Indaba
<b>Amagama ajwayelekile:</b>	olubi, usuku, esikoleni, ememeza, yena, isikhathi, iwashi, isipho, oluhle
<b>Ulwazimagama:</b>	imfihlo, ukunyenyenza, okukhethekile, ukukhathazeka, i-awaglasi, ukumangala, intokozo, imizuzwana, wanikela
<b>Imisindo:</b>	ngw, mg, yw, zw, ngc, mhl, mkh, mbh, ntw
<b>Okuqukethwe, imiqondo namakhono:</b>	<ul style="list-style-type: none"><li>▪ Uxoxa ngezithombe.</li><li>▪ Ubeka izithombe ngokulandelana.</li><li>▪ Usebenzisa izithombe ukuxoxa indaba.</li><li>▪ Usebenzisa izimpawu ezimele amagama.</li><li>▪ Ufundla aphendule imibuzo yokuqondisisa.</li><li>▪ Uhlela ikhadi lesimemo.</li></ul>

ICAPS ifuna ukuba othisha babeke eceleni isikhathi nsuku zonke sokubhekana nokufunda kweqembu okuholwayo. Ukufunda kweqembu okuholwayo kudinga abafundi asebesezingeni elifanayo lokwazi ukufunda umbhalo ofanayo emaqenjini. beholwa nguthisha.

Ekufundeni ngamaqembu okuholwayo. othisha bahola abafundi abasezingen elifanayo lokufunda ekufundeni incwadi efanayo beseqenjini.

Isikhathi sokufunda kumele simbandakanye izinhlobo zamisu ehlukahlukene zokufunda nokugondisisa okudingga abafundi uma befunda.


Isu lokufunda ngempumelelo lidinga futhi ukuxoxisana ngombhalo phakathi kukathisha nabafundi. naphakathi kwabafundi emaqenjini.

Lezi zincwadi zinemisebenzi yokugondisisa kanye neminyaka ehambelana nokufunda ngokugondisisa ukusiza othisha ukuze bakwazi ukuhola ukufunda ngamaqembu emakilasini.

ISBN 978-1-4315-2547-8



9 781431 525478



ISBN 978-1-4315-2547-8

**THIS BOOK MAY NOT  
BE SOLD.**



**basic education**

Department:  
Basic Education  
**REPUBLIC OF SOUTH AFRICA**

Published by the Department of Basic Education  
222 Struben Street, Pretoria  
South Africa

© Department of Basic Education  
First edition 2016

The Department of Basic Education has made every effort to trace copyright holders but if any have been inadvertently overlooked, the Department will be pleased to make the necessary arrangements at the first opportunity.

Ezinye izincwadi eShalofini  
Lezincwadi zeBanga lesi-3  
zoLimi Lwasekhaya.



Unogwaja uginela impungushe

Isigameko sasolwandle

Kumnandi ekhishini

Idayari yabantwana  
abakhonondayo



Zega-ke izilwane

UThandi unosuku olubi

Impelasonto ekhumbulekayo



Kunenunu ekhabetheni lami

Kulahleke amakhekhe  
asankomishi

Kuyamangaza yize kuyiqiniso